OFFICE OF THE
TAX OMBUD
*Ensuring fairness*



# Izikhalazo Umhlahlandlela

*Silapha ukusiza*

ISENDLALO

# SIKUNIKA ISIZINDA ESIZIMELE FUTHI ESINGACHEMILE

Njengesakhamizi noma umhlali entandweni yeningi yomthethosisekelo, unamalungelo kanye nokufanele ukwenze uma uxoxisana nabaphathe uhulumeni weNingizimu Afrika. Amanye amalungelo akho achazwe kusahluko se-10 soMthethosisekelo wethu ikakhulukazi owengamele ukuphathwa kukahulumeni.

Phakathi kokunye, udinga: (1) amazing aphezulu enkambiso enhle emsebenzini yolwazi; (2) ukusetshenziswa kangcono, ngokungabizi kakhulu nangempumelelo kwemithombo; (3) ukuhlinzeka ngosizo olungachemile, olungenzeleli, nolunkulingana; kanye; (4) nokungabi nazimfihlo kanye nokuziphendulela.

Njenge-ejenti yokuPhathwa Kukahulumeni, uPhiko Lwezentela LwaseNingizimu Afrika (South African Revenue Service) (i-SARS) iboshezelwe ukugunyazwa komthethosisekelo. Empeleni. uMthetho Wokuphathwa Kwentela, owenze ukuba kube khona iHhovisi lami, isinyathelo esiqondiswe ekwenzeni okubalulekile komthethosisekelo ukuba kube yiqiniso ekuphathweni kwentela.

IHhovisi lami lihlinzekela wena ngendlela elula nengachemile yokufuna isixazululo ekushayisaneni kosizo, kwenqubo kanye nokuphatha ongungenzeka ukuthi uzamile ukuxazulula wangaphumelela ngokusebenzisa izindlela zakwa-SARS. Sikunika isizinda esizimeleyo futhi esingachemile sokusokuxoxisana ne-SARS.

Inhloso yale ncwadi ukucacisa indima nezinqubo zeHhovisi loMlamuli Wezikhalazo Zentela. Lokhu kucacisa_ukuthi ubani esimsizayo, sisebenza njani futhi yini esingayenza kanye naleyo esingekwazi ukuyenza ngokokugunyazwa kwethu njengendlela yokuthola ukulungisa yabakhokhi bentela. Ukukwenzela lula, le ncwadi iqukethe imibuzo ebuzwa njalo kanye nezimpendulo mayelana neHhovisi.

**IJaji Bernard Ngoepe**
UMlamuli Wezikhalazo Zentela waseNingizimu Afrika
INTSHAYELELO



# SINGOBANI: SIZIMELE FUTHI ASICHEMILE

IHhovisi Lomlamuli Wezikhalazo Zentelalasungulwa ngo-Okhthoba ka-2013 ukuba lenze ngcono uhlelo lokuphathwa kwezentela.  Kuze kube kungaleso sikhathi, yabe ingekho indlela ezimele yokusiza abakhokhi bentela ababe sebezame zonke izindlela ezijwayelekile zokuxazululwa kwezikhalazo zakwa-SARS.

IHhovisi lethu lisekelwe enqubeni yamazwe omhlaba futhi yakhiwe  isuselwa ezinhlelweni zoMlamuli Wezikhalazo Zentela waseCanada, waseMelika nase-United Kingdom.

## *IHhovisi lizimele futhi lisebenza ngokuhlukile ku-SARS.*

UMlamuli Wezikhalazo Zentela uyiJaji eselathatha umhlalaphansi uMnu Bernard Ngoepe, owaqokwa nguNgqongqoshe Wezezimali emqokela isikhathi esiyiminyaka emihlanu kusukela mhla zi-1 Okthoba 2013. Welekelelwa iSikhulu Ezingumphathi Omkhulu, uMmeli u-Eric Mkhawane, kanye neqembu longcweti kwezomthetho wentela, ukuxazululwa wezikhalazo, ukuxhumana kanye nokuyelela emphakathini, kokunye



# UKUGUNYAZWA KWETHU

Umsebenzi woMlamuli Wezikhalo Zentela ukubukeza nokudingida isikhalo somkhokhintela esimayelana nomsebenzi, inqubo noma udaba lwezokuphatha oluqubuke ngenxa yokusetshenziswa kwezinhlinzeko zoMthetho Wentela yi-SARS; nokubukeza, ngokucela kukaNgqongqoshe noma ngokwesiphakamiso soMlamuli Wezikhalo Zentela ngokugunyazwa uNgqongqoshe, noma ngoluphi udaba oluqondene nohlelo noluqubukayo oluphathelene nodaba lomsebenzi noma ukusetshenziswa kwezinhlinzeko zalo Mthetho noma izinhlinzeko zenqubo noma zokuphatha zoMthetho wentela.



# ISIQUBULO SETHU

***Isiqubulo sethu sithi "UkuQinisekisa Ukungenzeleli".***

# INTSHISEKELO YETHU

UMlamuli Wezikhalazo Zentela uzibophezele ekubeni abe ngumgudu ongcono, ozimele, ongachemile nongenzeleli wabakhokhi bentela.

# INHLOSOMBONO YETHU

Inhlosombono yoMlamuli Wezikhalazo Zentela ukuqinisa ukuthemba kwaBakhokhi Bentela ekuphathweni kwentela.

# AMAGUGU ETHU

## UKUPHENDULA

Abakhokhi bentela banelungelo lokuthola isizathu esizwakalayo nesifanele izinqumo nezinyathelo ezithathiwe.

## UKUZIMELA

Ukusebenzeni ngezikhalo zabakhokhi bentela uMlamuli Wezikhalazo Zentela usebenza ngokuzimele kwi-SARS.

## UBUNGCONO

UMlamuli Wezikhalazo Zentela uqinisekisa ukuthi zonke izikhalazo zabakhokhi bentela zizoxazululwa ngokushesha nakangcono.

## UKUNGENZELELI

UMlamuli Wezikhalazo Zentela usebenza ngokungenzeleli ngazo zonke izikhathi.

## UBUMFIHLO

UMlamuli Wezikhalazo Zentela ugcina konke ukuxhumana nabakhokhi bentela ngobumfihlo obukhulu ngaphandle uma egunyazwe ngumkhokhi wentela.



# KUNGANI SIKHONA: UKUKHUTHAZA UKUTHEMBA KOMKHOKHI WENTELA

Sikhona ukuze silalele wena, mkhokhi wentela, futhi sisebenze noPhiko Lokukhokhwa Kwentela laseNingizimu (i-SARS) ekwenzeni ngcono usizo, kanye nokungezeleli ekuphatheni nangokwenkambiso.

INingizimu Afrika unolunye uhlelo lwesimanje, olungcono lokuphathwa kwentela emhlabeni. Yize luluhle lolu hlelo, kubalulekile ukuba kubekhona indlela engenzeleli, ezimele nengachemi abakhokhi bentela abayisebenzisayo uma benezikhalazo ezingaxazululiwe ngezindlela ezijwayelekile.

IHhovisi loMlamuli Wezikhalazo Zentela lasungulelwa ikakhulukazi ukuba lizimele futhi lingachemi lisungulelwa abakhokhi bentela abebengakwazi ukuxazulula izikhalazo zosizo, zenqubo noma zokuphatha ngokusebenzisa imigudu ejwayelekile yezikhalazo ye-SARS. Ukungachemi kusho ukuthi asimeli i-SARS noma umkhokhi wentela. Kalula nje sibheka amaqiniso esikhalazo esithintekayof uthi, lapho kukhoneka, siphakamise isixazululo. Umsebenzi wethu usekelwe emaqinisweni kuphela, eththweni ephethe izwe, ekugcineni, kuMthethosisekelo.

# OBANI ESIBASIZAYO: ABAKHOKHI BENTELA ABAFUNA USIZO

Njengomgudu wokulungisa wabakhokhi bentela, silwela ukuqinisekisa ukuthi abakhokhi bentela bathola usizo olunolwazi kanye nokuphathwa okuhle okubafanele kwa-SARS.

Ngaphambili kokuya kuMlamuli Wezikhalazo Zentela, abakhokhi bentela bafanele baqinisekise ukuthi basebenzise zonke izindlela zezikhalazo zakwa-SARS ngaphandle uma kunezimo eziphoqayo zokungakwenzi lokho.

Ukudlulisela isikhalazo kwa-SARS, umkhokhi wentela udinga ukuba aye eHhovisi Lokuphathwa Kwezikhalazo lase-SARS ku-0860 121 216. Uma unganelisekile ngendlela abakwa-SARS abaphathe ngayo isikhalazo sakho, ungaya eHhovisi Lomlamuli Wezikhalazo Zentela.

Uma isikhalazo sakho singena ngaphansi kokugunyazwa kwethu, siyokwenza konke okusemandleni ukuthola isixazululo enkingeni yakho.

# INDLELA ESISEBENZA NGAYO: UKUQINISEKISA UKUNGENZELELI

Njengomgudu okunika usizo olungachemile, isiqubulo sethu esithi "ukuQinisekisa Ukungenzeleli". Ukwenza lokhu kusebenze, sibheka amaqiniso esikhalazo ngasinye, hhayi okunye kodwa iqiniso lodwa. Silwela ukuxazulula izikhalazo kungakapheli izinsuku eziyi-15 zokusebenza zokwamukelwa kwazo, futhi sizokwazisa uma isikhalazo sakho singeke sixazululwe ngaleso sikhathi. Kuyo yonke inqubo, sigcina isimo sokungachemi,nokubuka kuwo onke amacala enkinga.

Imizamo yethu yokuxazulula isikhalazo ifaka:

- Ukubuyekeza isikhalazo sakho ukuze kunqunywe ukuthi ingabe singena ngaphansi kokugunyazwa kwethu yini, sizosiphatha kanjani, futhi silungiselele kanjani ukuhlola kokuqala kwesikhalazo sakho.
- Ukuthumela isikhalazo sakho, imibhalo esekelayo, umphumela wophenyo lokuqala kunye/noma izincomo ku-SARS.
- Ukuhlola impendulo yakwa-SARS futhi, lapho kufanele, okunye ukuphenya isikhalazo sakho.
- Ukukuthumela "umbiko wethu wokuvala icala", ukufingqa umphumela wesikhalazo sakho, futhi kufanele, ukwenza.

Izincomo zethu azibopheleli umkhokhintela noma u-SARS; kodwa uma zingamukelwa umkhokhintela noma u-SARS, izizathu zaleso sinqumo kumele zihlinzekwe uMlamuli Wezikhalazo Zentela ezinsukwini ezingama-30 kukhishwe isaziso sezincomo futhi zingase zididiyelwe embikweni kaMlamuli Wezikhalazo Zentela oqondiswa kuNgqongqoshe noma kuKhomishana ngaphansi kwesigaba 19.

# UKUBOSHEZELWA KWETHU: EBUMFIHLWENI

IHhovisi loMlamuli Wezikhalazo Zentela linesibopho somthetho sokuba livikele ulwazi lomkhokhi wentela futhi bonke abasebenzi bethu basayinda isiFungo Sobumfihlo.

Lezi zidingo zobumfihlo zibekwe kuSahluko sama-21(2) soMthetho Wokuphathwa Kwezentela. UMlamu Wezikhalazo Zentela kanye nanoma ubani omunye umuntu owenza izinto egameni lakhe akakwazi ukudalula ulwazi nanoma iluphi olutholwe nguye okanye egameni lakhe uMlamuli Wezikhalazo Zentela, noma olulungiswe olwazini olutholwe nguye noma egameni lakhe uMlamuli Wezentela, ku-SARS, ngaphandle uma ludingeka ukwenza imisebenzi yayo ngokoMthetho.

UMthetho ubeka ukuthi i-SARS ifanele ivumele uMlamuli Wezikhalazo Zentela ukuba afinyelele olwazini olumayelana namandla kanye nemisebenzi yoMlamuli Wezikhalazo Zentela.

# USIFAKA KANJANI ISIKHALAZO?

Ngezansi inqubo yokufaka isikhalazo.

- Ukuthola ifomu lezikhalazo, zakashela iHhovisi Lomlamuli Wezikhalazo Zentela noma xhumana neHhovisi lakhe ngocingo, ifeksi noma i-imeyili ukuyocela ikopi yefomu lezikhalazo. Ifomu liyatholakala futhi nakuwebhusayithi yethu.

- Gcwalisa ifomuu. Thatha isikhathi ufunde lonke ifomu futhi uthole lonke ulwazi oludingekayo ngaphambili kokuba uligcwalise. Sicela ubhale phansi isimo okuyisona sona osikhalazelayo sakho ngendlela elandelelanayo. Faka yonke imibhalo esekelayo ebalulekile esikhalazweni. Qinisekisa ukuthi ifomu ligcwaliswe ngokuphelele. Bhala phansi izinombolo zereferensi ezivela kwa-SARS noma, umba sisiwe egatsheni lakwa-SARS, shono igama legatsha, usuku kanye nomuntu osise kuye isikhalazo.

- Onke amafomu ezikhalazo awasayindwe futhi afakwe usuku. Uma amafomu engakuvumeli ukuba ubeke isikhalazo sakho ngokuphelele, sebenzisa ielinye ikhasi ozolifaka efomini lakho lesikhalazo. IHhovisi loMlamuli Wezikhalazo Zentela alizukwamukela amafomu angasayindiwe. Abamele abakhokhi bentela bafanele baqinisekise ukugunyazwa kwabo ukuba benze izinto bezenza egameni lamaklayenti abo ngokusebenzisa amandla ommeli agcwaliswe ngokuphelele. Uma bungekho ubufakazi obanele bokusekela isikhalazo sakho, udaba lungavalwa. Kodwa-ke, siyoqala ngokuba sikunike ithuba lokusekela isikhalazo sakhop noma lokunika ubufakazi obudingekayo.

## UKWETHULWA NGESIKHATHI

Sicela ufake isikhalazo sakho eHhovisi loMlamuli Wezikhalazo Zentela kusenesikhathi esifanele ngemuva kokuba abakwa-SARS beqedile ukubukeza isikhalazo.

Uma selitholakele ifomu lakho lesikhalazo, uMlamuli Wezikhalazo Zentela uzobe esesiphenya bese enquma ukuthi sizosetshenzwa kanjani uma singena ngaphansi kokugunyazwa kwethu, ngale kwalokho sozokweluleka ngezinye izindlela zokuxazulula.

Uma bungekho ubufakazi obanele obusekela isikhalazo sakho, udaba lungavalwa. Kodwa-ke, siyoqala ngokuba sikunike ithuba lokusekela isikhalazo sakhop noma lokunika ubufakazi obudingekayo.

# UMA UFAKA
# ISIKHALAZO

## *qinisekisa ukuthi unalolu lwazi olubalulekile olufakwe ohlwini olulandelayo*

**Imininingwane Yokuxhumana:**
Izinombolo zocingo lwaseKhaya
Iziznombolo Zikamakhalekhukhwini
Izinombolo Zefeksi
Izinombolo zocingo lwasemsebenzini
Ikheli Le-imeyili

**Ikheli Lendawo:**
Inombolo Yeyunithi Yendlu (ukuba ikhona)
Inombolo Yomgwaqo
Igama lomgwaqo noma Lepulazi
Idolobhana/Isigodi
Idolobhakazi/idolobha
Ikhodi Yeposi
Ikhowudi Yezwe (u-ZA – eNingizimu Afrika)

**IMininingwane Yekheli Leposi:**
Faka uphawula u "X" uma kufana okungenhla
noma gcwalisa iKheli Leposi, i-Ejensi Yeposi
noma Enye Iyunithi Encane (uma ikhona) (isib. i-ID ye-Postnet Suite)
IPosi
PO Box or Private Bag
Enye Inombolo Yosizo LwePosi (isho)
Ikhodi Yezwe
Ikhodi Yeposi

**Imininingwane Yesikhalazo:**
Uhlobo lwentela:
Intela Yemali Engenayo Yomuntu; Intea Yemali Enfgenayo Yezinkampani; i-VAT; Eyempahla;
I-PAYE/SDL/UIF; Ithrasti; Intela Yempahla Engena Ngaphakathi Ezweni noma Enye
UHlobo Lwesikhalazo:
Ukuziphatha/Uluvo; Usizo; Ukwengamela; Izinqubo noma Okunye
Sicela uvakashele ku -www.taxombud.gov.za/make-a-complaint.html
ukudaniloda ifomu noma ukusithumelela i-imeyile ku-
complaints@taxombud.gov.za noma vakashela amahhovivi ethu

# USIBUYEKEZA KANJANI UMLAMULI WEZIKHALAZO ZENTELA ISIKHALAZO?

UMlamuli Wezikhalazo Zentela anganquma ukuthi ukubuyekezwa kuzokwenziwa kanjani, kodwa ngenkathi enza imisebenzi yakhe, ufanele abuyekeze isikhalazo futhi uma kunesidingo, axazulule ngokusebenzi ukulamula noma ukubuyisan. UMlamuli Wesikkalazo Zentela ufanele asebenze ngokuzimele futhi alandele izinqubo ezisemthethweni, ezingenzeleli futhi nezingabizi kakhulu ekuxazululeni isikhalazo.

# KWENZEKANI UMA NGINGANELISEKILE NGOMPHUMELA

Uma umkhokhi wentela enganelisekile ngomphumela wenqubo esetshenziswe nguMlamuli Wezikhalazo Zentela, umkhokhi wentela angaya kunoma iyiphi indawo yosizo ekhona kuye.

# KWENZEKANI UMA ABAKWA-SARS BENGASAMUKELI ISINCOMO SOMLAMULI WEZIKHALAZO ZENTELA?

Izincomo zikaMlamuli Wezikhalazo Zentela azibopheleli umkhokhintela noma u-SARS, kodwa uma zingamukelwa umkhokhintela noma u-SARS, izizathu zaleso sinqumo kumele zihlinzekwe uMlamuli Wezikhalazo Zentela ezinsukwini ezingama-30 kukhishwe isaziso sezincomo futhi zingase zididiyelwe embikweni kaMlamuli Wezikhalazo Zentela oqondiswa kuNgqongqoshe noma kuKhomishana ngaphansi kwesigaba 19.

# IMIBUZO
# EBUZWA NJALO

### UBANI UMLAMULI WEZIKHALAZO?

UMlamuli Wezikhalazo isikhulu esizimele nesingachemile esisebenza ngezikhalazo eziqondiswe enhlanganweni noma ku-ejensi.

### UBANI UMLAMULI WEZIKHALAZO ZENTELA?

UMlamuli Wezikhalazo Zentela isikhulu esizimele nesingachemile esisebenza ngezikhalazo zabakhokhi bentela eziqondiswe oPhikweni Lokukhokhwa Kwentela LaseNingizimu Afika.

### LIYINI IHHOVISI LOMLAMULI WEZIKHALAZO ZENTELA?

IHhovisi loMlamuli Wezikhalazo Zentela  isikhungo esisekela uMlamuli Wezikhalazo Zentela ekufezeni ukunyazwa kwakhe.

### UBANI OPHETHE IHHOVISI LOMLAMULI WEZIKHALAZO ZENTELA?

Izincomo zikaMlamuli Wezikhalazo Zentela azibopheleli umkhokhintela noma u-SARS, kodwa uma zingamukelwa umkhokhintela noma u-SARS, izizathu zaleso sinqumo kumele zihlinzekwe uMlamuli Wezikhalazo Zentela ezinsukwini ezingama-30 kukhishwe isaziso sezincomo futhi zingase zididiyelwe embikweni kaMlamuli Wezikhalazo Zentela oqondiswa kuNgqongqoshe noma kuKhomishana ngaphansi kwesigaba 19.

### UKUXHUMANA KWETHU NABAKWA-SARS

IHhovisi lethu lizimele futhi lisebenza ngokwehlukile kwababakwa-SARS.

# 1. Yini engenziwa nguMlamuli Wezikhalazo zentela?

UMthetho Wokuphathwa Kwentela ugunyaza uMlamuli Wezikhalazo Zentela ukuba:

- Abuyekeze isikhalazo futhi, uma kunesidingo, axazulule ngokulamula noma ngokubuyisana.
- Asebenze ngokuzimele ekuxazululeni isikhalazo.
- Anike ulwazi umkhokhi wentela olumayelana nokugunyazwa koMlamuli Wezikhalazo Zentela kanye nezinqubo ezilandelwayo ukufaka isikhalazo.
- Ukulungiselela ukufinyeleleka kwabakhokhi bentela ezindleleni zokuxazululwa kwezikhalazo ezitholakala ngaphakathi kwa-SARS.
- Ukuphawula kanye nokubuyekeza uhlelo kanye nemidanti evelayo enemithelela engemihle kubakhokhi bentela.
- Ukwenza izincomo kwabakwa-SARS ngokuthi isikhalazo singaxazululwa kanjani.

Le midanti ingahle ibe ngabakwa-SARS noma ngemibandela yenkambiso noma yokuphathwa koMthetho Wentela.

UMlamuli Wezikhalazo Zentela unegunya lokunquma, ngokuzimele kwabakwa-SARS, ukuthi ukubuyekezwa kuzokwenziwa kanjani futhi ukubuyekezwa ingabe kufanele kupheliswe ngaphambili kokuba kuqedwe.

UMlamuli Wezikhalazo Zentela angabuyekeza kuphela isicelo uma umfakisicelo esesebenzise zonke izindlela ezikhona zokuxazulula isikhalazo zakwa-SARS, ngaphandle uma kunezimo eziphoqayo zokungenzi njalo.

**Ukusebenzisa izindlela zezikhalazo ezikhona, umkhokhi wentela ufanele afake isikhalazo eHhovisi Lokuphathwa Kwezikhalazo lakwa-SARS.**



# 2. Iziphi lezi zimo eziphoqayo?

ISahluko se-18(5) soMthetho Wokuphathwa Kwentela ubeka la maphuzu alandelayo uMlamuli Wezikhalazo Zentela azowabheka uma enquma ukuthi ingabe izimo “eziphoqayo”:

- isicelo sibeka imidanti yohlelo.
- ukusebenzisa zonke izindlela zokuxazulula izikhalazo kuzodala ubunzima obungadingeki kumfakisicelo.
- ukusebenzisa izindlela zokuxazulula izikhalazo kungenzeka ukuba kungabi nomphumela ngesikhathi uMlamuli Wezikhalazo Zentela asithatha ngokuthi sifanele.

UMlamuli Wezikhalazo Zentela ufanele azise umfakisicelo ngemiphumelo yokubuyekezwa noma nganoma ngaziphi izinyathelo ezithathiwe ukusabela esicelweni sakhe, ngesikhathi futhi nangendlela ekhethwe nguMlamuli Wezikhalazo Zentela.

# 3. Ingabe kukhona nanoma imiphi imikhawulo kulokho uMlamuli Wezikhalazo Zentela?

Yebo, kukhona imikhawulo ecacile ezinhlotsheni zezikhalazo uMlamuli Wezikhalazo Zentela angazibuyekeza noma angeke azibuyekeza:

- UMthethonqubo noma inqubomgomo yentela.
- Inqubomgomo noma inkambiso jikelele yakwa-SARS, ngaphandle ekufikeni ekutheni ihlobene nodaba losizo noma nodaba lokuphatha noma lwenkambiso oluvela ekusetshenzisweni kwemibandela yoMthetho Wentela abakwa-SARS.
- Udaba olungenqatshwa noma lukhalazelwe ngokoMthetho Wentela, ngaphandle komdanti wokuphathwa okumayelana nokuphikiswa noma ukukhalaza okufana nalokhu.
- Isinqumo senqubo noma sodaba oluphambili kwenkantolo yentela.

Yazi ukuthi kukhona imikhawulo yesikhathi ekubhekweni kwezikhalazo. UMlamuli Wezikhalazo Zentela angeke abuyekeza udaba oluvele esikhathini esingaphezulu konyaka owodwa phambili kosuku uMamuli Wezikhalazo Zentela wokuqala aqokwa ngalo, ngaphandle uma uNgqongqoshe ecela uMlamuli Wezikhalazo Zentela ukuba enze kanjalo. Njengoba uMlamuli Wezikhalazo Zentela wamanje athatha ihhovisi mhla zi-1 Okhthoba 2013, lokhu okusho ukuthi uMlamuli wezikhalazo Zentela akakwazi ukubhekeka;a imidanti eyavela ngaphambili komhla zi-1 Okhthoba 2012 (ngaphandle uma ecelwe nguNgqongqoshe). Yize kunjalo uNgqongqoshe Wezezimali unike uMlamuli Wezikhalazo Zentela imvume yokubuyekeza imidanti evele ngaphambili kwalolu suku.

# UZA KANJANI KITHI: OKUBALULEKILE KOKUKWENZELA LULA

Umkhokhi wentela angaxhumana neHhovisi Lomlamuli Wezikhalazo Zentela ngqo  noma ngokusebenzisa isikhulu esisebenza ngentela noma omunye umeli. Abameli babakhokhi bentela bafanele baqinisekise ukugunyazwa kwabo  ukuba benze egameni leklayenti yabo ngokukhombisa ukugunyazwa kommele okugcwaliswe ngokuphelele.

Umkhokhi wentela angafinyeleleka kuzinsizo zeHhovisi Lomlamuli Wezikhalazo Zentela ngalezi zindlela zokuxhumana ezilandelayo:

# SICELA UXHUMANE NATHI

**Ikheli lendawo**
Menlyn Corner, 2nd Floor
87 Frikkie de Beer Street
Menlyn
Pretoria
0181

**Ucingo: 0800 662 837 or +27 12 431 9105**
**Ifeksi: +27 12 452 5013**
**Ikheli le-imeyili: complaints@taxombud.gov.za**
**www.taxombud.gov.za**

**Ikheli leposi**
PO Box 12314
Hatfield
0028

# UKUNGAZIBOPHEZELI

Ulwazi olunikwe ko mbhalo uvikelwe imithetho yamalungelo esebenzayo yomenzi futhi aluvunyelwe ukuba lukopishwe, lusatshalaliswe, noma lulungiselwe nanoma iziphi izinhloso zokuhweba. Ulwazi olukethwe kule ncwajana belufanele ngesikhathi sokushicilelwa kodwa lungeke lwaguqulwa ngokuzithandela. Uma kukhona nananoma ikuphi ukungabaza ngokufaneleka noma uma ungenako ukushicilelwa kwakamuva kwale ncwajana sicela uShayele isiKhungo Sokuxhumana Kwezincingo ku-0800 662 837 ukuze uqinisekise.

Le ncwajana yenzelwe izinhloso zokusabalalisa ulwazi kuphela futhi ayithathwa njengokubukwa kukho komthetho. Ukusetshenziswa kwalolu lwazi yinoma imuphi omunye umuntu kuyoba ngokuthanda kwaloyo muntu kuphela.

IHhovisi loMlamuli Wezikhalazo Zentela elethuli ngokusho noma ngokwenzaizincomo noma liphakamise imikhiqizo okukhulunywe ngayo kulo mbhalo ukuthi ifanele izidingo zanoma imuphi umuntu othile. UMlamuli Wezilkhalazo Zentela akamukeli nananoma iliphi icala ngenxa yokulahlekelwa, yokonakalelwa, yezindleko nokubiza okuhlangahlangatshezwa noma okuhlangatsheziwe ngokuqondile noma ngokungaqondile ngenxa yanoma iliphi iphutha noma ukushiywa ngaphandle okukulo mbhalo.

***QAPHELA: Lolu lwazi aluyithathi indawo yanoma iliphi iqoqomthetho futhi abafundi abanokungabaza okumaqondana nanoma iluphi ulwazi olusemhlahalndleleni bafanele baqondise kwiqoqomthetho elifanele, noma bafune umbono osemthethweni kumuntu oqinisekisekisiwe ngemfanelo.***

